


INKULUMO-MPIKISWANO

NGEZILIMI

 Indaba ku—kulokhu ukukhuluma ngezilimi, kuyimpikiswano, niyabo, kubantu bePentecostal, futhi ngike ngaba no—nodaba impela. Angi—angenzi zimpikiswano emsamo, ngoba manje ngi—ngixhaswe ngamaqembu ehlukeni, futhi njengo—njengomnumzane ohloniphekile ongumKristu, impela bengingefune ukulimaza noma ubani. Ngi...Uma bengumKristu ngokwenele ukuba babe nami endaweni yabo, abantu babo behlezi lapho, ngi—ngifuna ukuba ngumfowenu ngokwenele ukuba ngingasho lutho ngakho, niyabo. Futhi ngishumayela nje umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, bese—bese kuthi—ke lapho be, ngenkathi...Mabenze lokho abafisa ukukwenza laphaya.

² Manje, ngiyakholwa ukuthi abantu abagcwaliswe ngoMoya, niyabo, ngezinye izikhathi bathola ukugcwaliswa kakhulu ngoMoya oNgcwele baze bangabe besakwazi ukulawula ulwimi lwabo uqobo, ngi—ngiyakukholwa lokho, *ngesinye isikhathi esithize* kuyenzeka. O, kwenzekile kimi, futhi kwenzekile kwabanye, futhi, kodwa, niyabo, into okuyiyo, uMoya oNgcwele kuqala ufanele ube phakathi *lapho*. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Ufanele ube phakathi *lapho* kuqala. Niyabo?

³ Kufana nje uma...Ukukhuluma ngezilimi yisiphiwo sikaMoya oNgcwele. Manje, ukuba ngangingu—umfana, futhi ngangi—kokwami, ngaphansi kokufundisa kukababa wami nomama, futhi ubufuna ukungenza umntwana, futhi ngakunika umese wami, manje, unesipho sami kodwa hhayi mina. Niyabo? Manje, izilimi ziyisiphiwo sikaMoya oNgcwele, akukho—mBhalo eBhayibhelini othi *nguMoya oNgcwele*, yisiphiwo sikaMoya oNgcwele.

⁴ Manje bhekisisani, eZenzweni 2:38, “Phendukani, yilowo nalowo nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, khona niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele.” Ngoba babemangala, ngoba “sizwe wonke umuntu ekhuluma ngolwimi lwakubo uqobo azalwa nalo.” Niyabo? Futhi wathi uma uyophenduka, uyosemukela lesosiphiwo sikaMoya oNgcwele. Manje, isiphiwo sikaWilliam Branham akusuye uWilliam Branham. Niyabo?

Manje, uma uzoqaphela, wena uthi, “Awu, isiphiwo sikaNkulunkulu nguMoya oNgcwele.”

UMoya oNgcwele unguNkulunkulu, niyabo, ngakho ubungeke—ubungeke ukusebenzise lapho.

⁵ Awu, kukho konke engikhuluma ngakho, kufanele kuhambisane nomBhalo, a—angeke ngikwemukele. Manje, ngemukela kuphela, lapho Engitshela, khona-ke Uhlala njalo ekucacisa ngomBhalo. Uma Engazange, bengingeke ngikukholwe, nakuba kakhulu njengoba Engitshelile endleleni, noma kunjalo uma Eke wangitshela noma yini eyayingekho ngokomBhalo, bekungeke kulunge, ngoba umBhalo uqobo uyisisekelo sethu. Asikwazi ukwesekela—sekela eyethu—insindiso yethu phezu kwamadlingozi, noma izehlakalo zabanye, noma esehlakalweni sethu uqobo, kuzofanele kube yiZwi likaNkulunkulu, niyabo, ngoba lolo wu—lolo wuphawu lweqiniso.

⁶ Manje, futhi ngenkathi ngiqala ukuqala kulenkulumo-mpikiswano uMfowethu Leo ashisekele ukuyifaka eteyipini lapha, ngiyethemba, ngiyayibona ilokoza, ngiqagele uyayihambisa manje, bengingefune wena, Mfowethu Leo, ukuba usebenzise lokhu ukulimaza, noma yini, kodwa nje, ngiyazi ubungeke, futhi bengingeke ngithi kini, bazalwane.

⁷ Uma umuntu ekhuluma ngezilimi, kulungile, uma engakhulumi ngezilimi lokho kusalokhu kungesiso isibonakaliso sokuthi akanaWo. Futhi uma e. . . Ngibone abantu bekhuluma ngezilimi njengokuthela uphizi esikhunjeni senkomazi esomile, ngamandla nje abebengahamba ngawo, futhi ahlale nomfazi wenye indoda. Niyabo? Ngibabonile abathakathi bephuza igazi ogebhezini lwekhanda lomuntu, futhi babize udeveli, futhi bakhulume ngezilimi. Ngibabonile abathakathikazi, namadoda-omlingo angamaNdiya, ngenkathi kungena umdanso wenkunzi, futhi ayohlala azungeze lendingilizi enkulu, futhi ayophuma futhi enze konke ukulumba kwawo, nodokotela develi uyangena, futhi ahamba ezungeza ezungeza, futhi enza konke lokhu kugxuma phansi-phezulu, edazuluka, futhi eshaya lamadilamu ashaywa ngezandla, bese—bese kuthi-ke inyanga-mthakathi iyongena futhi ikhulume ngezilimi futhi ibahumushele khona. Niyabo? Futhi ngike ngaba semakhempini abathakathikazi lapho engangena khona qobo lwami, futhi kunjalo. . . wena. . . Ku. . .

⁸ Lokhu akwelulekiwe kuwe ukuba uye kweyodwa, kodwa njengomfundisi, ngifanele ngazi ukuthi ngikhuluma ngani, hhayi ukuthatha izwi lomunye umuntu, ngoba ku. . . Ngi—ngifanele ngikwazi ngesingami, qobo lwami. Niyabo? Ngoba ngeke ngathi uMfowethu Jones washo *lokhu*, noma ngifunde *lokhu* encwadini, ngifanele ngazi ukuthi ngikhuluma ngani, ngoba kunabantu abaningi kakhulu abangilalelayo, futhi impela angifuni ukwehla ngalolosuku lokugcina nesigejane sabantu abalahlakile. Ngifanele ngazi, ngokoqobo, ngaphambi kokuba ngisho noma yini ngakho kuyiqiniso.

⁹ Futhi ngicabanga ukuthi wonke umfundisi ukweleta lokho ebandleni lakhe, abantu ashumayela kubo kunoma iyiphi

indaba, ufanele aqiniseke ukuthi uyazi ukuthi ukhuluma ngani ngaphambi kokuba asho noma yini.

¹⁰ Futhi ngakho, ngike ngaba semakhempini lapho abakhonza imimoya yabangasekho, nalapho kufika upiyano, lusinda uhhafu wethani, luphakama kwiphansi lendlu, futhi isiginci sibekwe egumbini siza sedlula siginxiza, ummyuziki nakho konke kanjalo, nebhantshi elilenga odongeni lingene bese lihlala phansi esihlalweni eceleni kwakho, imimese nezimfologo kuza kwedlula, futhi ngibabone, umthakathi ebeka i—ebeka i—isiqephu sephepha phansi, athathe ipensela futhi abeke phezu kwalo, futhi ubone lomoya uza futhi ugijimela phezulu epayipini lesitofu bese ubuya wehla udlala okuthi *Shave And A Haircut, iTwo Bits*, futhi ubhale ngezilimi ezingaziwa, nalesisangoma selule, siziqoqe *kanjalo*, futhi sihumushe lezi, phansi naphezulu *kanjalo*, futhi sikuxoxe, futhi—futhi sihumushe lezozilimi, futhi sisho okushiwo. Ngakho ungeke washo ukuthi ukukhuluma ngezilimi unoMoya oNgcwele, niyabo, ngoba ngi—ngazi kangcono kunalokho.

¹¹ Manje, uma nizoqaphela, asikusebenzise ngokunengqondo, niyabo, ukuze nizoqonda, futhi yileyondlela engifuna ukwenza ngayo lokhu ngoba ngiyaqonda ukuthi ngikhuluma namadoda ahlakaniiphile, ngakho emBhalweni, kwabaseKorinte bokuQala 12, kwathi kwakukhona...kuneziphiwo zokomoya eziyisishiyagalolunye. Awu khona-ke, izilimi zazingesinye salezoziphiwo eMzimbeni kaKristu.

¹² Awusho, ake sikhombise nje, okomfanekiso, futhi sikwenze kube lula, ngiyazi niyakubamba, kodwa asiqiniseke ukuthi niyakuthola. Leli—leligumbi linguMzimba kaKristu, futhi ngaMoya munye sibhaphathizelwa kuleligumbi. Futhi kuleligumbi kunesipho sesihlalo sokuphumula, kukhona isipho sokukhanya, kunesipho sokulawula ukushisa, kunesipho sesihlalo esiyendzelayo, kunesipho segumbi lokuphumula, isipho seragi, kunesipho sesithombe. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Ziyiziphiwo, kodwa ungena kanjani kulomMzimba na? “NgaMoya munye thina sonke sabhaphathizwa sibe-Mzimba munye,” bese-ke sithobela noma yisiphi saleziziphiwo. Niyabo?

¹³ Ngakho uma ukukhuluma ngezilimi, khona-ke, kungubufakazi obubonakalayo bukaMoya oNgcwele, zonke lezi ezinye izinto zizofanele zibe ubufakazi obubonakalayo bukaMoya oNgcwele, futhi, ubuyodingeka wenze zonke lezi ezinye izinto, lezi ezinye: ukuprofetha, ukuhumusha, ukuba nokuhlakanipha, ulwazi. Kodwa-ke uPawulu uyaqhubeka ukulungisa lokho, niyabo, wathi, “Bonke bakhuluma ngezilimi na?” Qhabo. “Bonke banaso isiphiwo sokuhumusha na? Kodwa uNkulunkulu ubeke eBandleni ngokwehlukana...” Niyabo? Wavele wakulungisa kanjalo nje.

14 Khona-ke esahlukweni 12...Manje, uma nizoqhubekela ngaleya lapho engishaye khona inkulumo-mpikiswano yami, ukuthatha okwami...ubufakazi obubonakalayo bokuqala bukaMoya oNgcwele, ngakuthatha ngokuthi uthando, futhi abanye abantu bakuthathe kube ukukhuluma ngezilimi, niyabo, ukuba nezilimi njengobufakazi obubonakalayo.

15 Manje, uPawulu wathi kwabaseKorinte bokuQala 13, okulandelayo, washo, manje, ukuthi, “Noma ngikhuluma ngezilimi zabantu nezezingelosi,” lokho yizinhlobo zombili, “futhi ngingenalo uthando, angilutho. Nakuba nginokuhlakanipha,” manje, ukhuluma ngaleziziphiwo phezulu lapha eMzimbeni, niyabo, niyabo, banaleziziphiwo ngaphandle koMnikezeli, niyabo, uthando, niyabo, “noma nginokuhlakanipha, futhi ngiqonda lonke ulwazi lukaNkulunkulu,” yonke imiBhalo, ngingayihlanganisa ndawonye njenganoma yimuphi usiyazi wezenkolo omkhulu, “futhi ngingenalo uthando,” okunguMoya oNgcwele, “Angilutho.”

16 Manje, siyazi ukuthi uMoya oNgcwele unguNkulunkulu, sifanele sikuvume lokho, niyabo, Lowo nguNkulunkulu. Awu khona-ke, uNkulunkulu uluthando. Niyabo? Ngakho ungaba noma yisiphi seziphiwo zikaNkulunkulu, ngaphandle kokuba noNkulunkulu, uNkulunkulu uluthando. NoSathane angalingisa noma yisiphi salezoziphiwo. Niyabo? Niyabo, angazifanisa cishe impela noma yini, ngoba uyaphendukezela; isono singukulunga kuphendukezelwe.

17 Ngakho enkulumweni-mpikiswano, umfowethu onomusa, yena, yena eyisivakashi, ngathi, “Manje, ngiyavuma ukukuxoxa lokhu nawe uma uzohlala ngokuqinile nomBhalo, futhi ungawushiya umBhalo,” ngase ngithi, “khona-ke ekupheleni kwengxoxiswano ukuthi ungangixhawula, futhi sisazoba abazalwane omunye komunye, ngoba uma ungakwenzi, ngeke ngakwenza, niyabo, ngoba,” ngathi, “ngoba, mhlampe, lapho sekuphelile uzozwa ngendlela efanayo ozizwa ngayo, nami ngizozwa, futhi.

18 “Kodwa njengoba sinowengamelayo lapha ofungile, osomabhizinisi, niyazi, nokunye nokunye, ukuthi bona nje ba—bona nje ba, abakhathalele kunoma yiluphi uhlangothi, babhala nje phansi lokho okuyiqiniso. Akunandaba ukuthi isinqumo sabo siyini, kungamadoda amahlanu noma ayisithupha nje, emBhalweni othize nje, lapho lomBhalo unikezwa, ubani owuthathayo na? Ubani ngempela ophonse ukukhanya kuwo na? Yilowo oshoyo, niyabo.”

19 Ngakho waqala njengokwejwayelekile iZenzo 2:4, niyazi, ukuthi “Bonke babegcwaliswe ngoMoya oNgcwele, futhi baqala ukukhuluma ngezilimi, njengalokho uMoya wabapha ukuphumisela.” Awu, ngi...Wase-ke esuka lapho waya e—

e—eZenzweni 10:49, lapho, “Kwathi uPetru esakhuluma lawamazwi, uMoya oNgcwele wehlela phezu kwabezwa amazwi.” Awu khona-ke, wayese-ke ewelela eZenzweni 19:5, “UPawulu wabeka isandla sakhe phezu kwabo, noMoya oNgcwele wehlela phezu kwabo, bakhuluma ngezilimi.”

²⁰ Ngakho lokho kwathatha isikhathi sakhe esiningi kakhulu, kwase-ke kuba yisikhathi sami. Sasisuka cishe kwelesikhombisa nqo kuze kube cishe ngelesibili nqo ekuseni, niyabo, ngakho kwakukude. Ngakho-ke lapho esebuya, wayenemizuzu cishe engamashumi amathathu noma amashumi amathathu-nanhlanu kulokho, khona-ke baphumuza abantu, base-ke bengivumela ngikhulume futhi, bangivumela ngikhulume. Ngakho, angizange ngiyishiye imiBhalo yakhe, ngahlala ngqo nomBhalo wakhe. Yileyondlela kuphela ongenza ngokuyikho, ngokunengqondo . . . Ngivulekele nje ukwazi ukuthi yini eyiqiniso njenganoma ubani omunye.

²¹ Impela angifuni ukuba nephutha, futhi kungcono ngibe ngoqinisileyo *lapha*, ngoba isikhathi sesihambile kakhulu ngenkathi ngifika *Lapho*, niyabo. Ufuna uku . . . Njengoba umfowethu omdala oyikhaladi ethi, “Angifuni nkathazo emfuleni.” Ngakho, kunjalo. Ngi—ngifuna . . . Kuzoba ukusa okunenkungu, bese-ke kuba yisikhathi esesabekayo, futhi impela ngifuna ithikithi lami esandleni sami, lisayinwe ngokuyikho, ngoba a—angifuni . . . Sekuleyithi kakhulu ngaleyonkathi, niyabo.

²² Ngakho, futhi mina, ekuxoxisaneni nganoma yini ngiya kuyo ukuba ngifunde okuthile, ngifuna ukwazi. Futhi uma nginephutha, ngempela ngifuna ukwazi ukuthi nginephutha, niyabo, ukuze ngibe ngoqinisile. Ngifisa sengathi bengingavumelana phezu kwalezozinto, futhi ngikwenze kube umuzwa womhlaba wonke, kodwa ngi—ngi—nje ngi, uma kuyiphutha, kuyiphutha nje. Wena . . . Ayikho inyoni emhlophe-mnyama noma umuntu odakiwe engadakiwe, niyabo, ku—kuphakathi kokuthi kulungile, noma akulungile. Ungeke waba nephutha neqiniso ndawonye, kuphakathi kokuthi yiqiniso, noma yiphutha. Niyabo? Niyakukholwa lokho, anikukholwa, bazalwane na? Futhi, impela.

²³ Uma—uma umBhalo uqinisile, khona-ke asihlale nomBhalo. Futhi uma ibandla liqinisile, khona-ke, yilokho engikushilo kulabobapristi, ngathi, “Uma ibandla liqinisile, hlala nebandla.”

Wathi, “Awu, ibandla liqinisile.”

²⁴ Ngathi, “Manje-ke, uthe ibandla . . . ukuthi i—ukuthi iBhayibheli, lapha, lingumlendo webandla lokuqala. Awu, uma kunjalo, khona-ke, ibandla elingenakuphosisa, kungani nishintshe kangaka na?” niyabo. Khona-ke lokho kwaphonsa impikiswano yakhe phandle lapho, niyabo.

²⁵ Ngathi, “Uthe uKristu wahlela ibandla eliKatolika.” Niyabo? “Uma Ahlela ibandla eliKatolika, futhi uma umphostoli uPetru nabo bonke babengamaKatolika okuqala, awu, khona-ke ngi—ngiyiKatolika, nami, khona-ke, ngihlala nalokho impela abakusho. Awu, ukude kakhulu phandle lapha,” niyabo, ngathi, “awunakho noma yini abakushilo.” Niyabo? “Ngani, uPetru wathi, uphapha wokuqala, wathi, ‘Akekho umlamuleli phakathi kukaNkulunkulu nomuntu, kodwa uKristu Jesu,’ okunguyena kuphela uMlamuleli, futhi manje usunamashumi ezinkulungwane zabo.” Ngathi, “Manje, yikuphi...? Ngabe uphapha wokuqala uqinisile, noma *lophapha* na? Yimuphi oqinisile na?” Niyabo?

Wathi, “Awu, uyabo, ibandla eliKatolika linamandla. IKat-...”

²⁶ Ngathi, “Manje-ke lasho nini iKatolika lokuqala, e—ekukulobeni, lathi, ‘Uma iNgelosi evela eZulwini ifika ishukumayela noma yiliphi elinye ivangeli, mayibe ngeqalekisiweyo,’ noma ngabe nguphapha, noma umpristi, kumbe noma angaba yini, futhi, ‘osusayo, noma anezele kuleNcwadi, okufanayo kuyothathwa...’” Ngathi, “Nonke nixovekile ndawondawo, mnumzane. Kuphakathi kokuthi ibandla lakho lokuqala liqinisile, noma *leli* liqinisile. Futhi uma elakho lokuqala laliqinisile, *leli* linephutha.” Niyabo? Ngase ngithi, “Ngizohlala namaKatolika okuqala.” Niyabo? Ngaleyondlela babeyiKatolika. Ngakho, niyabo, ufanele ube ngoneqiniso.

²⁷ Kuphela si... Ukubamba i—i—ingxoxo ufanele ubuyele entweni ethize, ngokwesisekelo, ungabeka izandla zakho kukho, ngoba unelungelo nje impela enkolelweni yakho oyikholwayo, nawo wonke omunye umuntu. Kodwa sifanele sibuye, kuzofanele kubekhona ndawondawo ukuqala khona, ndawondawo ukuba uthi, “*Lokhu* yikho,” ngoba ungenkele waba nenkulumo-mpikiswano, ngamanye amazwi. Niyabo?

²⁸ Uma sobabili... Ngathi, “Awu, iTabernakele likaBranham liqinisile,” futhi ubungathi, uthi, “I—i—i—i,” wena uthi, “iBandla laseSheshi liqinisile, eNgilandi, futhi—futhi...”

²⁹ Uthini na? [Umfowethu uthi, “Uthini ngoka-Arminius na?”—Umhl.] Ya, makabe ngoka-Arminius, kanjalonjalo, niyazi, futhi nithatha iDutch Reform, awu manje, siyaphi na? Manje, kuzofanele kubekhona indawo ethize. Awu, ungabuyela emuva futhi ucaphune ikhathekizimu lakho nawo onke amanye, kanjalonjalo. Sifuna ukubuyela ebandleni, kubasunguli bethu—bethu, lapho esasungulwa khona, kodwa sikusekela kuphi lokhu na? Niyabo, kuzofanele kubekhona ndawondawo okuqinisileyo.

³⁰ Njengomgomo nje okhuluma ngawo e—ePhalamende, ufanele ube nento ethize elungile. Ufanele—ufanele ukubeke phandle lapho futhi ukhombise abantu, futhi ufanele ube

nendawo ethize ukuqala kuyo. Awu, yileyondlela esifanele senze ngayo iBhayibheli.

³¹ Ngakho ngibuyela e—embuzweni weZenzo 2 naye, ngathi, “Manje, wena—wena usho ukuthi—ukuthi iZenzo 2 yilapho ozo—zokusekela khona.” Ngakho, ngadingeka ngimnike into ethize ukuba imxoshe e—imxoshe e—emgqeni, ukuze abe...ukuthi akwazi, ngingakhuluma naye, niyazi, ngimlahle.

³² Ngathi, “Manje, sizo—sizo, isisekelo—...uma u...” (Ngiyabonga, mfowethu.) “Uma nje uzo, uzohlala nomBhalo, manje...” Ngathi, “Manje, mfowethu, ngi—ngiyakwazisa ukuma kwakho.” Niyabo? Ngase ngithi, “U...Ushilo lapha ukuthi bonke bagcwaliswa ngoMoya oNgcwele, base beqala ukukhuluma ngezinye izilimi njengalokho uMoya wabapha ukuphumisela. Kwakuhlala eJerusalema, amaJuda, amadoda angamakholwa azinikele avela kuzo zonke izizwe eziphansi kweZulu, konke lokhu kwezwakala yonke indawo. Babuthana ndawonye, badideka, ngokuba bezwa bonke abantu bekhuluma ngolwimi lwakubo abazalwa nalo.”

³³ Ngadingeka ngimholele aphume lapha kancane, ngathi, “Manje, mfowethu, ngithanda ukukubuza lokhu: Manje, khumbulani, iBhayibheli liyasho ukuthi laba abangakholwayo, Alishongo manje, ukuthi lababantu, niyabo, phezulu lapha, behla bevela embhoshongweni, bevela phezulu kulelikamelo eliphezulu esakhiweni, Lathi bonke bagcwaliswa ngoMoya oNgcwele, nalaba phandle lapha, babebezwa ngolimi lwabo uqobo abazalwa nalo, niyabo. Babezwa, indoda ngayinye. Niyabo? Izeni zazibezwa ngolimi lwazo uqobo ezazalwa nalo, abangakholwayo.” Ngase ngithi, “Manje-ke uma ukuhumusha kwakho kwePentecostal kuqinisele, uyabo, indlela okuthole ngayo,” manje, ngathi, “khona-ke kuphakathi kokuthi kukhona okungalungile ngeZenzo 2, noma okungalungile ngokuhumusha kwakho.”

³⁴ Ngathi, “Manje, ngifuna ukukubuza, mfowethu, wamamukela kuphi uMoya oNgcwele na?” Wangitshela umzuzu, ihora, nesikhathi, indoda elungileyo, niyabo. Futhi yena, ozidlayo kancane, niyazi, uthi ukusetshenzwa kancane, ngoba ngaphansi komjuluko. Asikho isizathu salokho. Niyabo?

³⁵ Uma ngingonogwaja uvalelwe endle, futhi ingekho indlela ezweni yokuba uphume, ngizoma esangweni, uzofanele ubuye, ngoba awuphumi. Ngakho awudingekile ukuba ujuluke ngakho, uma ungazi kahle hle, uyazi akukho-mbobo ndawo ongaphuma kuyo. Ngakho ungahlala ngqo kunoma yimuphi umBhalo ofuna ukuhlala kuwo, uzofanele abuye kuwo. Niyabo? Ngakho, a—akayi ndawo, awudingi ukuba umjahe macala onke enkundleni yonke, yima nje lapho futhi umvumele abuye kuwe.

³⁶ Ngakho-ke ngathi, “Mnumzane,” ngathi, “manje, wenza kanjani ngenkathi wemukela uMoya oNgcwele na?”

Wathi, “Akabongwe uNkulunkulu! Ngakhuluma ngezinye izilimi, lapho uMoya ubapha ukuphumisela.”

Ngathi, “Kulungile, ubani wonke owayelapho na?”

Wathi, “Cishe abantu abayikhulu namashumi amahlanu.”

“Wawusebandleni na?”

“Yebo, mnumzane.”

“Futhi ngabe bonke babengabantu abakhuluma isiNgesi na?”

“Yebo.”

Ngathi, “Pho-ke wakhuluma kanjani na?”

Futhi wathi, “Ngakhuluma ngezilimi.”

Ngathi, “Ekukhulumeni kwakho, wanikeza ubufakazi bukaMoya oNgcwele na?”

“Yebo, yebo.”

“Ukuthi wemukele uMoya oNgcwele na?”

“Yebo.”

“Ngabe ibandla likuqondile na?” Niyabo?

Wathi, “Ngani, qhabo.”

³⁷ Ngathi, “Khona-ke kwakungesikho ngokweZenzo 2:4, khona-ke, niyabo,” ngathi, “ngoba yilowo nalowo wezwa ngolwimi lwakubo azalwa nalo. Kwakungekho kuthemeleza nhlobo, yilowo nalowo wezwa ngolwimi lwakubo azalwa nalo.” Ngathi, “Khona-ke impela awuzange ukuthole ngokweZenzo 2:4.” Lokho kwashaya lowomBhalo khona lapho kuye, abengamelayo banginika, niyabo, khona lapho, niyazi.

³⁸ Ngathi, “Manje, ngoSuku lwePhentekoste bona, yilowo nalowo, wezwa ngolwimi lwakubo uqobo, kwakungekho kuthemeleza nhlobo.”

³⁹ Wathi, “O, ngiyabona lapho oxoveke khona, Mfowethu Branham.” Wathi, “Uyabo, u—uMoya oNgcwele, ngenkathi Ufika kuqala,” wathi, “kukhona...sikhuluma ngolimi lweziNgelosi, niyabo,” wathi, “akukho—akukho kuhumusha kulokho. Kodwa-ke lapho uthola ukuhumusha,” wathi, “khona-ke kukhona izilimi ezingahunyushwa kwezinye zazo, njengoba uPawulu asho.”

⁴⁰ Ngathi, “Yebo, mnumzane, ngiyakuqonda lokho.” Ngathi, “Manje-ke uqonde ukungitshela-ke, mnumzane, ukuthi—ukuthi lapho semukela uMoya oNgcwele, lolo wulimi okungekho-muntu oluqondayo,” niyabo, “lapho sikhuluma ngezilimi, ekwemukeleni uMoya oNgcwele na?”

Wathi, “Yilokho-ke.”

41 “Futhi khona-ke emva kokuba sesibhaphathizwa futhi singene eMzimbeni, khona-ke semukela izilimi ukuthi—ukuthi zingahunyushwa, niyabo. Ngabe yilokho na?”

“Ya.”

42 Ngathi, “Manje-ke unekalishi ngaphambi kwehhashi.” Niyabo? Ngathi, “Khona-ke ufanele, lapha,” niyabo, ngathi, “kwase kuthi-ke ngoSuku lwePhentekoste ngenkathi bemukela uMoya oNgcwele bawemukela ngokwehlukile kini nonke.” Ngathi, “Nonke niyakwemukela futhi akukho muntu okuqondayo, ngenkathi bekwamukela wonke umuntu wakuqonda,” ngathi, “noma, laba bafu babenesiphiwo phandle lapho ukuba bahumushe.” Niyabo?

43 Futhi ngathi, “Manje-ke uma ubapha isiphiwo sokuhumusha, khona-ke babenoMoya oNgcwele, nabo, ngoba babenokuhumusha, ngokufanayo njengoba unesiphiwo sokukhuluma, futhi babebhuqa, behlekisa ngabo.” Niyabo? Niyabo, akukho zizinda zakho. Futhi ngakho, ngase ngithi, “Ukuba-ke ngikutshela ukuthi a...lawa...wonke umuntu, manje, wabezwa ngolimi lwabo na?”

Wathi, “Kodwa babekhuluma ngezilimi.”

44 Ngathi, “Umzuzu nje, mfowethu, ongakhulwayo phandle lapho wathi, ‘Bheka, abasibo bonke laba abaseGalile abakhulumayo, futhi kanjani pho sibeza yilowo nalowo ngolimi lwakithi esazalwa nalo na? Laba abakhulumayo abaseGalile, bekhuluma isiGalile, kepha sibeza ngolwimi lwakithi, esazalwa nalo.’” Niyabo, wayengeke ame ndawo ngaleyonkathi, niyabo. Niyabo? Ngathi, “Manje...” Wathi... Ngase ngithi, “Ngi...Lokho bekungaba ngaleyondlela,” ngathi, “Ngikubonile lokho kwenzeka.”

45 Encane, intombazane yaseSpain ngesinye isikhathi, nganginitshela ngakho, ngiqagele nikuzwile eteyipini, niyazi. Futhi ngakho, ngathi, “Manje, si...Ngangikhuluma njengoba ngikhuluma nje manje, futhi yayingizwa, futhi nje ngaleyonkathi, futhi yathi kumhumushi, ‘Bengicabanga ukuthi akakwazi ukukhuluma iSpanishi.’ Awu, sayidlala iteyipu emuva futhi kwakuyisiNgisi, kodwa ngenkathi kuqhubeka ukuphefumulelwa, yakuzwa ngeSpanishi, futhi khona-ke yayingezwa nelilodwa, noma, yayingaqondi nelilodwa igama esiNgisini.” Niyabo?

46 Ngakho, kwakungokwalo, wayitshela konke ngalokho eyayinakho, isithuthwane, futhi yayihlezi ngaseziko idla ummbila obomvu, idla kakhulu futhi yagula ngokudlanga, yaya kolala, futhi kwayiphonsa esithuthwaneni, yayikade inazo selokhu kwathi nhlo, niyabo, kuze kube yilesosikhathi, yaphulukiswa.

Ngakho wathi, “Awu, manje umzuzu nje.” Wathi, “Babe . . . Ngiyabona lapho wena . . .”

⁴⁷ Futhi ngathi, “Ngiyamangala nje, mfowethu, kungani lokho, ngenkathi unikezwa lombuzo,” ngathi, “ubukhuluma ngeZenzo 2:4, wase-ke uya eZenzweni 10:49,” ngathi, “uzishiye kanjani iZenzo 8, ngenkathi amaSamariya emukela uMoya oNgcwele na? Akukho-mBhalo othi akhuluma ngezilimi.” Niyabo?

⁴⁸ Awu, ngathi—ngathi, “Uma uqaphela eJerusalema, kwakubuthene, ngithatha uhlangothi lwakho lwakho manje, uyabo,” ngathi, “kwakubuthene amadoda evela ezizweni zonke,” uyaqhubeka futhi uyasho, amaMede namaPheresiya, na—namaproselite, nabafokazi, nabaseMakedoniya, o, niyazi, bonke kanjalo, lapho ababekhona, ngathi, “manje, bonke babe—babekhona bonke, futhi babezwa, wonke umuntu ngolwimi lwakhe.

⁴⁹ Futhi ngathi, “Manje, nasendlini kaKorneliyu,” manje, ngathi, “ngenkathi bekhuluma ngezilimi lapho, bezwa ngolwimi lwabo uqobo, into efanayo abayenza emuva *lapha*,” ngathi, “ngoba uPetru wathi, ‘Singenqaba amanzi, sibona ukuthi laba bemukela uMoya oNgcwele njengoba senza ekuqaleni na?’” Ngathi, “UNKulunkulu akasoze aguqula uhlelo lwaKhe; uma nizoma khona lapha eZenzweni 2, khona lapha lapho uMoya oNgcwele wehla khona kuqala, uyo—uyohambisana nakho konke okunye.”

⁵⁰ Ngathi, “Manje, uma kusemqoka kakhulu, kungani amaSamariya engakhulumanga ngezilimi ngenkathi emukela uMoya oNgcwele na?” Ngathi, “Ngoba bonke babekhuluma isiJuda. Niyabo? Niyabo, bonke babekhuluma isiJuda. Sasingekho isidingo sokuba babe nolunye ulimi, ngoba bafakaza nje ukuthi uMoya oNgcwele wawufikile, bonke babekhuluma ngolwimi lwabo, futhi—futhi, wonke umuntu,” futhi—futhi ngathi, “futhi sasingekho isizathu sakho.”

⁵¹ Ngathi, “Nazo izizwe ezintathu, niyabo, amaJuda, amaSamariya, nabeZizwe.” Ngase ngithi, “Manje, abeZizwe, uma nikhumbula, uKorneliyu wayeyinduna yekhulu phezu kwamadoda ayikhulu, ibutho lamaNtaliyane. Kwakukhona ukusoka namaRoma, namaNtaliyane, na—nabo bonke—bonke ndawonye lapho, futhi noma ngabe kwakunjani, wayekhuluma, ‘Ngoba, njengoba nje kwenza ekuqaleni, manje, singala namanzi njengoba laba bemukele uMoya oNgcwele njengoba senza ekuqaleni na?’ Ngakho, niyabo, kwakufanele kube ngendlela efanayo okwakuyiyo ekuqaleni, futhi wonke umuntu wayefanele ezwe ngolwimi lwakhe.”

⁵² Ngathi, “Ngizovuma ukuthi kwake kwabakhona isikhathi esisodwa, ukuthi, eBhayibhelini, ukuthi wonke umuntu wakhuluma ngezilimi.”

Kusobala, wayecasuke kakhulu, niyazi, futhi wathi, “Haleluya! Manje, usendleleni!”

⁵³ Ngathi, “Yebo, mnumzane, lokho kwakuseBabiloni, akekho owaqonda ukuthi omunye wathini.” Ngathi—ngathi—ngathi, “NgePhentekoste, bonke baqonda ukuthi wonke umuntu wathini,” ngathi, “kwakungukuphuma kukaMoya oNgewele, uyabo.” Ngathi, “EBabiloni, bonke bakhuluma ngezilimi ezingaziwa, njengoba kwenza iPhentekoste manje. Akekho owaziyo ukuthi omunye uthini, omunye enkwankwaza *lokhu*, omunye enkwankwaza *lokho*, futhi babengazi lutho, kodwa lelo kwakuyiBabiloni, niyabo, kodwa,” ngathi, “ePhentekoste yilowo nalowo wezwa ngolwimi lwakubo, lapho azalwa khona.”

Futhi wathi, “Awu, ngi—ngi. . . Wena u—u. . . ngisakholwa.” Wathi, “Udumo kuNkulunkulu, ngiyakwemukela. Haleluya! Kwenza iBandla liqine.”

⁵⁴ Ngathi, “Manje linda, asikhulumi ngalokho, sikhuluma ngeMfundiso yeBhayibheli, niyabo. Sihlala nomBhalo lapha, uyabo.”

⁵⁵ Futhi—futhi ngakho-ke lapho siqhubeka, wathi, “Awu,” wathi, “o, ngikholwa ukuthi bonke babengaphansi kokuphefumulelwa, bekhuluma ngezilimi.” Wathi, “Angikholwa ukuthi bezwa ngokuhunyushwa, ngikholwa ukuthi babephefumulelwe, bekhuluma ngezilimi.”

⁵⁶ Ngathi, “Ngizovumelana nawe ngalokho, futhi sizoqedela inkulumbo-mpikiswano yethu phezu kwalokho,” niyabo, “ukuthi bonke babephefumulelwe, bekhuluma ngezilimi.” Futhi ngathi, “Manje uyabo, kufana nje,” ngathi, “sonke sibuthene lapha eJeffersonville,” sonke sibuthene lapha eYakima, “uMkhosi wePhentekoste usuqalile.” Ngase ngithi, “Manje, sizosho ukuthi *ungumSwiss*, *ungumJalimane*, futhi *ungumFrentshi*.” Niyabo? “Futhi sonke siphakathi lapha, futhi ngamunye wenu uyiqembu labantu.

⁵⁷ “Manje, ake sithi yimina uqobo, noMfowethu Borders, noMfowethu Gene ohezi lapha, futhi sonke singabaseMelika. Niyabo? Futhi *uneqembu*, *uneqembu*, *uneqembu*, ngoba yileyo ndlela ababeyiyo, babengamaMede, namaPheresiya, nanoma yini enye bebuthene lapho.”

⁵⁸ Futhi ngathi, “Manje, si—sonke silapha, futhi khona manjalo nakho kufika umsindo ovela eZulwini njengokuvunguza komoya onamandla, ugcwalisa indlu phakathi lapha, hhayi phandle lapho nani nonke, futhi bengi*lapha*. Sonke sagcwaliswa ngoMoya oNgewele, futhi siphumela ngaphandle, futhi into yokuqala uyazi lapha, ngi—ngiyiNgisi, futhi ngiyokhuluma ngesiNgisi,” indlela engabanakho ngayo kuqala, niyabo, “futhi uyakuqonda ngesiSwiss.”

“O, qhabo. Qhabo, qhabo.” Wathi, “Qhabo, ubukhuluma nge—nge—nge,” ngiyaxolisa, “ngesiYurophu.”

59 Ngathi, “Manje-ke uma bekunjalo, khona-ke ngimtsheleli na? Ngokuvuka kukaJesu Kristu, ngokufika kukaMoya oNgcwele.” Niyabo? Ngathi, “Ngi-ngikhuluma *nawe* ngesiSwiss, ngenkathi uGene ekhuluma *nawe* ngesiJalimane, noRoy ukhuluma *nawe* ngesiFulentshi.” Niyabo? Futhi wathi. . . Ngathi, “Khona-ke. . .”

Wathi, “Manje—manje, u—ususondele impela kukho.”

60 Ngathi, “Ngisondele kakhulu kukho na?” Ngathi, “Yilokho okwashiwo ngumBhalo, ‘Sizwa wonke umuntu ngolwimi lwakithi, esazalwa nalo.’” Niyabo?

61 Wathi, “O.” Futhi abengamelayo. . . Sengivele ngikubonile, sengivele ngizuze iphuzu ebhodini konke kuze kube manje, niyazi. Ngakho ngathi, “Sizokuqeda lokhu.” Futhi wa—wathi. . . Futhi—futhi ngathi, “Khona-ke babe—bakhuluma bonke, bezwana.” Esengivele nginakho lokho e, ngithunjiwe endaweni yokuqala. Babefanele baqonde ulwimi lwabo, niyabo, IBabiloni kwaba yisikhathi kuphela abangaqondanga ngaso, iPhentekoste, baqonda, wonke umuntu.

62 Lona, iVangeli lifanele liye ezweni lonke, liqale eJerusalema, futhi kwashaya umhlaba wonke ngalesosikhathi, izwe elaziwayo, khona lapho. Niyabo? Kwakufanele kufike kanjalo, ngoba, niyabo, zonke izizwe phansi kweZulu sasibuthene lapho, izizwe zezenkolo, kwakuyiPhentekoste. Niyabo? Futhi Washaya umhlaba wonke, “Kodwa hambani niye ezweni lonke,” kuqala eJerusalema. Niyabo? Ngakho kwakufanele kufakazwe ngolwimi lokuvuka kukaKristu, ukuze kuye ezweni lonke khona lapho. Niyabo? Nalaba bathwali lapha, lababantu phakathi lapha, abakhonzi, bayobuyela ezweni lakubo.

63 Njengezinsuku ezimbalwa emva kwalokho um-Etiyopiya ehla, niyazi, noFiliphu wayesezansi eSamariya, nom-Etiyopiya wayesendleleni yakhe ebuyela e-Afrika, umthenwa, noMoya oNgcwele wabiza uFiliphu kulowomhlangano omkhulu, wamenza wama ogwadule. Wayefunda u-Isaya. Wathi, “Ufundani na?”

64 Wathi, “Ngingazi kanjani ngaphandle uma umuntu engifundisa na?” Wayefunda, wathi, “KwakunguBani u—uBani umprofethi ayekhuluma ngaye, ngaye uqobo noma. . .?” Wayekade ephezulu lapho ePhentekoste ukuyokhonza. Niyabo?

65 Ngakho wambhaphathiza khona lapho eGameni likaJesu, futhi waqhubekela e-Etiyopiya ethokoza, eyisa uMlayezo e-Etiyopiya. Yilapho okwakufanele kube khona, aye khona. Manje, nakhu kufika i. . . Nakhu—nakhu la kwakukhona. Niyabo?

66 Ngathi, “Manje. . .” Ngakho, ngathi, “Uyabo, mnumzane, ukuthi ngisho nabengamelayo usevele ubhale iphuzulu phezulu lapho, ukuthi ba—bakhuluma ngezilwimi wonke umuntu aziqondayo, kwakungekho nelilodwa izwi elathemelezwa.”

Niyabo? “Ngakho ukuhumusha kwakho kwePhentekoste sekuvele kulahliwe, uyabo, ngoba, uzofanele ufake ihumusho lePhentekoste eBabiloni, ngoba ngeke ulifake eZenzweni 2:4.” Niyabo? “Ngokuba yilowo nalowo wezwa ngolwimi lwakubo, lapho azalwa khona, futhi eBabiloni kwakungekho noyedwa owaqondayo. Ngakho, niyabo, ihumusho lakho lePentecostal selivele libuyele kuGenesisi futhi, eBabiloni, uyabo, ngakho awusekho phezulu lapha ePhentekoste, nhlobo.”

⁶⁷ Futhi ngathi, “Kodwa ake siqhubekele phambili kancane,” niyabo, “ngoba sekuvele kuyasinika, niyabo, lapho. Ngakho nomaphi lapho uya khona eBhayibhelini, kuzofanele kubuye njengoba kwenza ekuqaleni, uNkulunkulu ungongenasiphelo futhi angeguke.”

⁶⁸ Wathi, “Awu, ba...” Wayeseqala-ke nakho konke okunye kwakho, wathi, “Manje, uzovuma, nokho, Mfowethu Branham, ukuthi lamadoda aphuma *lapha* nje yayingafani namaMethodisti noma amaBaptisti.” Niyabo, lokho, ngikuphonsa kumaBaptisti ami, niyabo. Wathi, “Babengakaze... Babemukele futhi babekhuluma phansi kokuphefumulelwa.”

⁶⁹ Ngathi, “Yebo, mnumzane, ngizovumelana nalokho.” Ngakho bakuphawula lokho. “Ngizovuma ukuthi ba—babekhuluma ngaphansi kokuphefumulelwa, lokho ababekusho.” Ngathi, “Njalo lapho ngishumayela, ngishumayela ngendlela efanayo, aninjalo na? Phansi kwesiNgisi, niyazi, ngokuphefumulelwa.” Yilokho—yilokho kuphela abayikho, niyazi...? Ngathi, “Njalo lapho ngishumayela noma ngiprofetha, akusikho ngezilimi ezingaziwa. UPawulu washo uma kwakungenaye umhumushi lokho kwakungelutho, njengeqaba, Kufanele kube okokwakha, kanjalonjalo, niyabo.” Ngakho lokho kwashaya kwakhipha lokho kuye. Niyabo?

⁷⁰ Ngathi...Awu, wathi...Futhi ngathi, “Awu, ngiyavuma ukuthi konke kwakungaphansi kokuphefumulelwa.” Ngathi, “Manje—manje, kanje,” ngathi, “abanye babo manje,” ngathi, “njengokungathi sasi...” Ngathi, “Labo-ke ababekhuluma isiGalile kowaseGalile, babengaphansi kokuphefumulelwa, babengenjalo na?” Niyabo? “Njengokuthi uma sonke singamaNgisi...”

Wathi, “Akukho namunye wabo eGali-...”

⁷¹ Ngathi, “KwakuseGalile, futhi bonke babengabaseGalile owayekhuluma, kwakukhona abaseGalile lapho bebezwa, ngoba babeseGalile, lokho kwakungolwimi lwesizwe.” Ngathi, “Khona-ke lendoda iyaphuma, futhi yakhuluma kwabaseGalile ngolimi lwabo lomdabu, futhi yayingumGalile, njengoba nje ngiyiNgisi, ngikhuluma neNgisi, ngesiNgisi.” Niyabo? Futhi wayengenakho, niyabo.

Awu, wathi, “Kungahle ukuba kwehlele koyedwa, kwase kuthi-ke omunye, bavele bakwehlukana. Mhlawumbe lona *lapha* ubengeza akhulume kubo isikhashana.”

⁷² Ngathi, “Khona-ke emva kwabaseGalile bandla, khona-ke abezwanga lutho.” Ngathi, “Wayengaphefumulelwe ngaleyonkathi ngenkathi ekhuluma kubo ngokuvuka. Into efanayo.” Niyabo, akuseyiyo nje enye indawo yokuma, nhlobo.

⁷³ Futhi nje saqhubeka kanjalo saze nje sahlolisisa imiBhalo phansi ngokusondela impela, kuqhubeka kwehle ngqo kanjalo. Niyabo? Kuzofanele kubuyele kulokho kwasekuqaleni, okokuqala. Niyabo?

⁷⁴ Ngakho niyabo, ku...Lapho...Akusikho ukukhuluma ngolimi olungaziwa, kungukukhuluma phansi kokuphefumulelwa. Niyabo? Futhi njengokuthi, uma ngemukela uMoya oNgcwele lapha kulokhu ukusa, phakathi kwenu nonke, ngiyoba ngaphansi kokuphefumulelwa nginitshela ngokuvuka kukaMoya oNgcwele kufike kimi, ngaphansi kokuphefumulelwa. Manje, niyabo, izilimi akusiwo uMoya oNgcwele. Niyabo?

Wayesethi-ke, “Manje-ke awukholelwa ekukhulumeni ngezilimi na?”

⁷⁵ Ngathi, “Impela, ngiyakholelwa. Ngiyakholelwa ekukhulumeni ngezilimi.” Ngase ngithi, “Kungokuncane phakathi kweziphiwo—ziphiwo, ngendlela okuqoshwe ngayo eBhayibhelini, ngoba kuyisiphiwo sokugcina.” Niyabo? Ngathi, “Futhi umfo ubeyokhuluma ngezilimi, kodwa kuqala ufanele abe noMoya oNgcwele ngaphambi kokuba a—akhulume ngezilimi, uma engenjala, ungumlingisi.”

⁷⁶ Ngathi, “Khona-ke ubengakhuluma nge—ngezilimi, njengoba ushilo, kokubili ezabantu nezeziNgelosi, futhi abe esalokhu engenawo uMoya oNgcwele,” ngathi, “ngoba uPawulu wathi, ‘Noma ngikhuluma,’” nakuba nginga, “khuluma ngezilimi zomuntu nezezingelosi futhi ngingenalo uthando, angiyinto yalutho. Nakuba ngingaluqonda lonke ulwazi, futhi ngingahumusha imiBhalo ngokuyikho impela, ngaphandle kwalombhaphathizo, angilutho. Futhi nginikela ngezimpahla zami ukondla abampofu, nomzimba wami ukuba ushiswe njengomhlatshele, nokukholwa ukugudluza izintaba, futhi angilutho, angikaqali ngisho namanje, niyabo, futhi nginakho konke lokhu kukholwa.”

⁷⁷ Ngathi, “Manje, lokho kuphendula njengoDkt. Hegre phezulu lapho ngalesosikhathi,” niyazi, leyo nhloko yamaLuthela, niyazi ngenkathi ngiyitshela, niyayikhumbula inkulumo-mpikiswano esasinayo, niyazi, lapho ku, ku, mayelana ne, yayingitshela ngalowo wesifazane ongumthakathikazi, niyazi, owakhulekela abagulayo, baphulukiswa, yathi

uNkulunkulu wayengephulukise. Nikuzwile. Niyabo? Niyakukhumbula lokho na? Niyabo?

⁷⁸ Ngathi, “Awu impela, sinenqwaba yalawa indoda ekhuphukayo, ithi, ‘Mfowethu, nginokuphulukisa esandleni sami. *Whewu!* Uyakuzwa na?’ Abakwenzi, kodwa abantu bathola ukuphulukiswa ngokufanayo nje, ngoba kuphezu kwezisekelo zokukholwa, nomfo ucabanga ukuthi usondela kuNkulunkulu ngaleyondlela. Futhi ngikholwa ukuthi abanengi balababantu bathola uMoya oNgcwele,” niyabo, “ngenkathi bephuma lapho bekhuluma ngezilimi. Impela, ngikholwa ukuthi nguMoya oNgcwele, kodwa lokho akusibo ubufakazi bokuthi banawo, impilo yabo iyoba nezithelo. Abanye babo baphuma lapho futhi—futhi. . .”

⁷⁹ Niwuzwile umbono wami, ngiqagele nizwile emateyipini ami ngokuthi kwaba kanjani ngenkathi ngiya eMishawaka ngalesosikhathi, labobantu, bephuma lapho, niyazi, ngenkathi umfana oyikhaladi ethi, “Nangu! Nangu!” niyazi na? Awu, niyakhumbula, babenendoda eyodwa lapho ikhuluma ngezilimi nenye ihumusha. Angikaze ngikuzwe ngaphambilini empilweni yami. Niyabo? Futhi manje, uma nginitshelile, ngimiseni. Niyabo?

⁸⁰ Ngakho manje-ke, kodwa lomfo walahlekelwa yinkulumo-mpikiswano, niyazi. Kusobala kuningi okunye, kodwa niyabona ukuthi ngikhuluma ngani lapho. Niyabo? Buyela ngqo ekuqaleni, uyabo, emuva ngqo ekuqaleni.

⁸¹ [Umfowethu uthi, “Kunabaningi balababantu abakhuluma ngezilimi, futhi bazizwe benombhaphathizo, kodwa ba—abanawo ngempela.”—Umhl.] Abanawo. [“Bakwenzile ukuvuma,”—Umhl.] Ya. [“kwakho, kodwa ba. . .”] Abanawo, niyabo. Lapho uMoya oNgcwele weqiniso ungena, ngukuPhila kukaKristu, niyabo, okuhlala kokufayo, isidalwa esingumuntu. Niyabo? Futhi abazange bathi vu ngoJesu ekhuluma ngezilimi ngenkathi Emukela uMoya oNgcwele.

⁸² Manje, kuthiwani ngoJohane umBhaphathizi na? Wemukela uMoya oNgcwele ezinyangeni eziyisithupha ngaphambi kokuba azalwe, esizalweni sikanina. Wakhuluma kanjani ngezilimi na?


[Umfowethu uthi, “Kuthiwani ngesithulu nesimungulu na?”—Umhl.]

⁸³ Ya. Babengakhuluma kanjani ngezilimi, uma babengakwazi ngisho nokukhuluma noma ukuzwa na? Niyabo?

⁸⁴ Kuthiwani ngo-Elisabethe noMariya ngenkathi be. . . “U-Elisabethe, unina kaJohane, wagcwaliswa ngoMoya oNgcwele, futhi wapropetha, ethi,” hhayi ukukhuluma ngezilimi. Niyabo?

⁸⁵ Ngakho ba—abanayo imilenze. . . Ngakhuluma nabanye babaholi babo abakhulu nokho, nebhodi elikhulu abantu abanobuhlakani bazo—bazovuma lokho, niyabo, kodwa ba. . .

Kodwa bathini na? “Yikho konke, leyo yimfundiso yeBandla,” niyabo. Yilokho . . . Uzokwenzani ngakho na? Awu, nakho lapho okhona. Niyabo? Manje, ini . . . Uma bezame ukuguqula lokho manje, bebeyobaxosha enhlanganweni. Niyabo? Awu, lokho kunjalo impela . . .

⁸⁶ Ngingahlala ngikhululekile, angidingi ukuba nanhlangano. Niyabo? Ngiyisakhumuzi esizelwe ngokukhululeka, futhi nginelungelo lokukhuluma, futhi—futhi noma yini engifisa ukuyisho, inkululeko yokukhuluma. Futhi ngingumfundisi ogcotshiwe, futhi ngakho abakwazi ukungivimbela ekushadiseni, ekungcwabeni, noma ekubhaphathizeni, noma ekushumayeleni iVangeli, niyabo. Inqobo nje uma sinentando yeningi, asidingi ukuba sibe ngowanoma iyiphi inhlango, niyabo. Futhi—futhi ngakho manje, si—si—sisho lokhu njenge . . . kulokho—kulokho . . . Niyaqonda manje na? Nikholisisekile na? Yebo, ukuthi yi . . . Bengingeke . . . Nicabanga ukuthi kunezinto ezinga—zingabukeka zizinhle kakhulu, kakhulu . . .? . . . lowomBhalo uzofanele uhambise konke ndawonye. 

60-0807 Inkulumo-Mpikiswano Ngezilimi
Akwaziwa
EYakima, EWashington E-U.S.A.

ZULU

©2024 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org